Isifundo 4 **Ntulikazi 17-23*

Intengo Yokuphumula



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *2 Sam. 11:1-27, 2 Sam. 12:1-23, Gen. 3:1-8, 1 Johane 1:9.*

Indimana Yekhanda: **"Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami"** *(iHubo 51:10)***.**

Abantu abaningi babonakala bekhathazekile, befuna indawana enokuthula noxolo. Futhi bazimisele ukukukhokhela lokho. Emadolobheni amakhulu amaningi kukhona amagumbi angenayo i-*internet*, aqashwa ngokukhokhelwa ngehora. Imithetho yakhona iqinileooooooooo—akufuneki msindo, noma izivakashi. Abantu bazimisele ukukhokha ukuze bahlale ngokuthula, becabanga noma bacambalale. Kunezindawo zokulala eziqashisayo ezikhumulweni zezindiza, nama-*earphone* anciphisa umsindo ayathandwa. Kukhona okuthile okuyisivikelo okuthengiswayo kokwemboza ikhanda nomzimba wangenhla ukuze ungathintani nomsebenzi okwesikhashana.

Ukuphumula kweqiniso kunentengo. Nakuba izihlakaniphi ezitholakala ezinkundleni zokuxhumana zisitshela ukuthi umuntu uzakhela yena ikusasa lakhe, nokuthi ukuphumula udaba lokuzikhethela, kodwa uma sesicabangisisa lokho, sithola ukuthi asikwazi ukuletha ukuthula ezinhliziyweni zethu. U-Augustine, umholi webandla ngonyaka-khulu wesine, wayibeka kahle lento encwadini yakhe okuthiwa i-*Confessions* (Book 1) uma ezindla ngomusa kaNkulunkulu: "Wasenzela Wena, nezinhliziyo zethu azinakho ukuphumula zize zithole ukuphumula kuWena."

Kuleliviki sizobuka kancane impilo yendoda enehliziyo efana nekaNkulunkulu, ukuze sithole ukuthi yayithola kanjani intengo yangempela yokuphumula kukaNkulunkulu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 24.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 28 2021/06/21 14:51

Ukhathele Uyingcuba

Ngobunye ubusuku basentwasahlobo, inkosi uDavide owayengenakuthula wahambahamba ophahleni lwesigodlo sakhe. Kwakufanele ngabe wayesempini namabutho akhe ngaphesheya kweJordani. Wayefanele ukuhola abantu bakaNkulunkulu ukunqoba ama-Amori, ukuze kube nokuthula embusweni.

Ukungabi kuleyo ndawo ayefanele ukuba kuyo kwavulela uDavide umnyango wesilingo. Funda lendaba ku 2 Samuweli 11:1-5. Kwenzekani, futhi yisiphi isono esikhulu esenziwa nguDavide?

_____

_____

UDavide wabona owesifazane "omuhle kakhulu" egeza umzimba ophahleni lwakwakhe. Imizwa yakhe yesono yamnqoba ngalobo busuku, walala noBati-Sheba, inkosikazi yesikhulu sempi yakhe esethenjiwe. Njengawo wonke amakhosi asendulo, uDavide wayenawo wonke amandla. Njengenkosi, wayengadingi ukulandela imithetho elawula bonke abantu. Kodwa indaba ebuhlungu yomndeni kaDavide ngemuva kwalomzuzu owaguqula umlando, isikhumbuza ukuthi noma eyinkosi-nje, wayengekho ngaphezu komthetho kaNkulunkulu.

Nangempela, umthetho uyisivikelo. Uma ngisho nenkosi iweqa, kwafuneka ibhekane nemiphumela eyesabekayo. Masinyane-nje uDavide eweqile umthetho kaNkulunkulu, waqala wezwa imiphumela yalokho kuyo yonke imikhakha yempilo yakhe. UDavide wayecabanga ukuthi ukuzithokozisa kwakhe kwakungaqashelwe; kodwa uBati-Sheba manje usekhulelwe, kanti umyeni wakhe ukude.

Funda: u 2 Samuweli 11:6-27. Wazama kanjani uDavide ukugqiba isono sakhe?

_____

_____

Bonke ubuqili bukaDavide bokwenza u-Uriya aye ekhaya kumkakhe, behluleka. U-Uriya wayeyindoda edume ngobuqotho. Waphendula uDavide ngokuthi: "umphongolo, no-Israyeli, noJuda bahlezi emadokodweni: inkosi yami uJowabe nezinceku zenkosi yami zimisile endle, mina-ke ngizophuza, ngilale nomkami na?" *(2 Sam. 11:11, NKJV)*. Ekugcineni uDavide owayesedidekile, wasebenzisa indlela yokusoconga nge-remote ukuze agqibe isono sakhe.

Akukholakali ukuthi uDavide, owayephiwe okungaka nguNkulunkulu, wayengawa ngalendlela. Kungakhathalekile ukuthi singobani, yisiphi isixwayiso okufanele sisithathe kulendaba?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 29 2021/06/21 14:51

Phaphama!

Phakathi kwesikhathi esimnyama empilweni kaDavide, kukhona izindaba ezinhle: *uNkulunkulu uthumela umprofethi waKhe*. UNathani noDavide babazana kahle. Ngaphambidlana, uNathani wayeke wacebisa uDavide mayelana nesifiso sakhe sokwakha ithempeli *(2 Samuweli 7*). Manje kodwa, umprofethi uza nomunye umsebenzi azowenzela inkosi.

Ucabanga ukuthi kungani uNathani wakhetha ukuxoxela uDavide indaba kunokuba avele agagule isono sakhe? Funda u 2 Samuweli 12:1-14.

_____

_____

UNathani wayekwazi afanele ukukusho, futhi wakusho ngendlela eyezwekala kahle kuDavide. Waxoxa indaba azoyiqonda kahle uDavide njengomelusi. Wayazi ukuthi uDavide ubuqaphele kakhulu ubulungiswa nobuqotho. Ngakhoke, singathi uNathani wacupha uDavide ngonoxhaka, uDavide wangena kuwona.

Ngesikhathi uDavide ezehlulela, kodwa engaboni yena, uNathani wathi kuye: "Nguwe lowo" *(2 Sam. 12:7)*. Kunezindlela ezehlukene zokuthi "nguwe lowo." Ungakumemezela, ungambeka icala umuntu,umkhombe ngomunwe, noma ungatshengisa ukukhathazeka nokunaka. Amazwi kaNathani ayexubene nomusa. Ngalowo mzuzu, uDavide kufanele ukuba wabuzwa ubuhlungu obuzwiwa uNkulunkulu uma enye yamadodana noma amadodakazi aKhe igudluka ngamabomu ekwenzeni intando yaKhe. Kwankenteza insimbi engqondweni kaDavide. Kukhona okwenzeka enhliziyweni yakhe.

Kungani uDavide ephendula ngokuthi: "Ngonile kuNkulunkulu" kunokuthi athi: "ngonile kuBati-Sheba" noma athi "ngingumbulali" *(2 Sam. 12:13' bheka neHubo 51:4)***?**

_____

_____

UDavide wayazi ukuthi isono, esenza izinhliziyo zethu zingabi nokuthula, okokuqala-nje, sisho ukona kuNkulunkulu, uMdali noMsindisi. Sizigwaza ngowethu umkhonto; sichaphazela abanye. Sihlazisa imindeni yethu noma ibandla. Kodwa okusalayo ukuthi sizwisa uNkulunkulu ubuhlungu, sishayele esinye isipikili ogodweni olukhomba phezulu lwesiphambano saseGolgotha.

"Indlela akhuza ngayo umprofethi, yathinta inhliziyo kaDavide; kwavuswa unembeza; icala lakhe labonakala njengoba linjalo. Umphefumulo wakhe wehlela ngenzansi ngokuzisola phambi kukaNkulunkulu. Ngezindebe eziqhaqhazelayo wathi: 'Ngonile kuNkulunkulu.' Bonke ububi obenziwa kwabanye abantu buyadlula kulowo owoniwe, bufike kuNkulunkulu. UDavide wayenze isono esibi, ku-Uriya noBati-Sheba, futhi wakuzwa egazini lokhu. Kodwa okukhulu kakhulu kwakungukona kwakhe kuNkulunkulu."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 722.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 30 2021/06/21 14:51

Uthethelelwe, Kwakhohlakala?

Ngemuva kokuthi uDavide ezigwebe yena engaqondile *(2 Sam. 12:5, 6)*, uNathani usemtshengisa ububi besono sakhe. Inhliziyo kaDavide iyadabuka, uvuma isono sakhe. Ngaso leso sikhathi uNathani umnika isiqiniseko sokuthi: "uNkulunkulu usisusile isono sakho" *(2 Sam. 12:13, NKJV)* nokuthi uthethelelwe. Asikho isikhathi sokulinda intethelelo kaNkulunkulu. UDavide akadingi ukuveza ubufakazi bokuthi uzisola ngempela ngaphambi kokuthi athethelelwe.

Kodwa uNathani, oseprofethile ngomphumela wesono sikaDavide ku 2 Samuweli 12:10-12, uyaqhubeka athi umntwana ozozalwa, uzokufa.

Kusho ukuthini ukuthi uNkulunkulu wasisusa isono sikaDavide? Ngabe wavele wacima okubhaliwe-nje? Ngabe wonke umuntu wayezovele akhohlwe yilesigameko? Funda u 2 Samuweli 12:10-23 uma usazindla ngalemibuzo.

_____

_____

Naye uDavide sicabanga ukuthi wazibuza lemibuzo uma ebona konke okwakhe kubhidlika—ingane iyashona, umndeni wakhe umahliphihliphi

(izindaba zika Amnoni no Absalomi yizibonelo ezinhle zezinkinga phakathi komndeni), ikusasa lakhe aliqinisekile. Yize isono sakhe sinemiphumela echaphazela abantu abangenacala njengo Uriya nengane esanda kuzalwa, uDavide uyaqala uyabona ukuthi umusa kaNkulunkulu uzokumboza lokhu, kanti ngelinye ilanga yonke imiphumela yesono iyopheliswa. Okwamanje, angatholela unembeza wakhe okhathazekile ukuphumula kuNkulunkulu.

UDavide uzwa kuyini ayidinga ngempela? Ulangazelelani? Funda iHubo 51:1-6.

_____

_____

NgeHubo 51, uDavide uphumela obala, uvula inhliziyo yakhe, uvuma isono sakhe. Isikhalo sikaDavide ecela umusa sifinyelela othandweni nesihawu sikaNkulunkulu esingehluleki. Ufisa ukudalwa kabusha.

Uma sicabanga ngokuphumula kuJesu, asivume kuqala ukuthi sidinga usizo oluvela ngaphandle; siyizoni ezidinga uMsindisi; siyazibona izono zethu sikhale kuLowo kuphela ongasigeza, asihlanze, asidale kabusha. Uma senza lokho, singaba nesibindi: nangu umuntu oyisiphingi, iqili, umbulali, umuntu ophule imiyalo emihlanu kweyishumi, ecela usizo—ebambelela kuso isithembiso sentethelelo kaNkulunkulu.

Uma uNkulunkulu waxolela uDavide ngalokho akwenza, pho lingakanani ithemba ngawe?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 31 2021/06/21 14:51

Okusha

UDavide esesivumile isono sakhe ngaphandle kokusithalalisa noma ukusinciphisa, wenza isicelo kuNkulunkulu. Ucelani kuNkulunkulu? Funda iHubo 51:7-12.

Uma uDavide ekhuluma ngokuhlanzwa ngehisopi usebenzisa inkulumo eyayaziwa umuntu wonke wakwa Israyeli owayeke wavakashela ethempelini. Uma ekhuluma ngokuhlanzwa okuchazwe emthethweni kaMose *(Levi. 14:4)*, wayevuma amandla omhlatshelo—uMhlatshelo owawuzofika ngesikhathi esizayo ukuzosusa izono zomhlaba.

UDavide uphinde acele "intokozo" ne "njabulo." Kodwa njengoba isono sakhe singaka, akagagameli nje?

Mhlawumbe kungasisiza ukulalela lesihumusho: "Ngitshele ukuthi ngithethelelwe ukuze ngikwazi ukungena endlini engcwele futhi lapho ngizokuzwa khona intokozo nenjabulo yokukukhonza."

Kwathi mhla uAdamu noEva bewela esonweni, bacasha kuNkulunkulu *(Gen. 3:8)***. Ucabanga ukuthi kungani isicelo sikaDavide, ngemuva kwesono sakhe, sehluke kangaka? Funda iHubo 51:11, 12.**

UDavide akafuni ukulahlekelwa ukuphila noNkulunkulu. Uyazi ukuthi ngaphandle koMoya oNgcwele, akanamandla. Uyazi ukuthi njengoba washelela kalula wawela esonweni noBat-Sheba, usengashelela futhi. Ukuzethemba kwakhe kuphelile.

UDavide uyazi ukuthi ukunqoba esikhathini esizayo ngeke kuvele kuyena; kuyovela kuphela kuNkulunkulu uma yena encike kuYe ngokuphelele.

Impilo yomKrestu yokunqoba ayencikile kithina. Yencike kuJesu. Silangazelele *ubukhona baKhe*; silangazelele *uMoya waKhe*; sifuna *intokozo yaKhe* yosindiso. Siyakubona ukweswela kwethu ukwenziwa kabusha nokuvuselelwa. Sidinga ukuphumula kwaKhe—okuyisenzo sokudalwa kabusha. Ukuphumula kokudalwa akuqhelile ekuthethelelweni. Amagama athi: "Dala kimi inhliziyo ehlanzekile, Nkulunkulu, uvuselele uMoya wakho ngaphakathi kwami" *(iHubo 51:10, NKJV)* asebenzisa ulimi lokudala. ETestamenteni eliDala uNkulunkulu yedwa "odalayo" (*bara'*)—kanti-ke uma sesidalwe kabusha, singaphumula.

Uma awukayizwa intokozo nenjabulo yokukhululwa kunembeza onecala, uvinjwe yini? Uma uvinjwe yicala lakho, ungafundani kulendaba olungakusiza?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 32 2021/06/21 14:51

Ukumemezela Ukukhanya KukaNkulunkulu

Ngokusobala, okuyiyona into esingayenza ngemuva kokwedlula phansi kwesimo esihlazisayo, sathola ukuxolelwa, ukuzama ukukhohlwa ukuthi yake yenzeka leyonto. Inkumbulo yokwehluleka kwakho ibuhlungu.

UDavide ufuna ukwenzani ngalamava akhe abuhlungu? Funda iHubo 51:13-19.

_____

_____

Uma kuphahlazeka isitsha noma ivasi ibe izingcezu eziningi, sivame ukububula, sizilahle lezo zingcezu esezingenamsebenzi. KwelaseJapan, kukhona ubuciko bokwakha kabusha izitsha zokubunjwa eziphukile. Okusansimbi okuyigugu, njengegolide eliwuketshezi, noma isiliva, kuyasetshenziswa ukunamathisela ndawonye izingcezu eziphukile ukuze lesitsha ebesiphukile siphinde sibe sihle, sibe nentengo.

Sonke isikhathi uNkulunkulu ethethelela izono zethu esidala kabusha, kuba khona ushintsho. Intethelelo eyigugu kaNkulunkulu inamathelisa ndawonye ukwephuka kwethu. Singaba abamemezela kakhulu izwi likaNkulunkulu. "Ulimi lwami luyakuhubela ukulunga kwaKho" *(iHubo 51:14), NKJV)*. Asizami ukuzilungisa thina noma ukuziphucula (ngisho nangamancozuncozu). Imimoya yethu ephukileyo, izinhliziyo zethu ezizithobayo, kuwukudumisa okwanele kuNkulunkulu—kuyimisebe yokukhanya esizungezile ebonwa umhlaba. Amava okuthethelelwa kwethu aheha abanye abacinga intethelelo.

Kunabudlelwane buni phakathi kweHubo 51 no 1 Johane 1:9?

_____

_____

UJohane wokuqala 1:9 ukufingqwa kweHubo 51. Njengoba azi uDavide ukuthi "Inhliziyo eyaphukileyo nedabukileyo, Nkulunkulu, awuyikuyidelela" *(iHubo 51:17)*, uJohane usiqinisekisa ngokuthi "Uma sizivuma izono zethu, wethembekile Yena futhi ulungile ukuba asixolele izono zethu, asihlanze kukho konke ukungalungi" *(1 Johane 1:9)*. Singalithatha njengoba linjalo izwi likaNkulunkulu.

Futhi, uDavide wayengeke akwazi ukulungisa umonakalo omkhulu ayewenzile ngezenzo zakhe nesibonelo sakhe emndenini wakhe. Wathwala imiphumela yezinqumo zakhe nezenzo zakhe. Kodwa, uDavide wayazi ukuthi uxolelwe. Wayazi ukuthi udinga ukwethemba ngokukholwa ukuthi ngelinye ilanga iWundlu likaNkulunkulu langempela liyofika lime esikhundleni sakhe.

Ungafunda kanjani khona manje ukusebenzisa izithembiso zika 1 Johane 1:9 kweyakho impilo? Kufanele uzizwe kanjani ngemuva kokwenze njalo, sewazi ukuthi isithembiso esakho nawe?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 33 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Ukuzisola kukaDavide kwakuqinisekile futhi kujulile. Kwakungekho mzamo wokuthalalisa icala lakhe. Kungekho namzamo wokuphepha isijeziso emthandazweni wakhe…Wabona ukungcola komphefumulo wakhe; wasizonda isono sakhe. Akathandazelanga intethelelo kuphela, kodwa nobumsulwa benhliziyo futhi…Ezithembisweni zikaNkulunkulu kulezo zoni eziphendukayo wabona ubufakazi bokuxolelwa kwakhe nokwamukeleka…'Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owaphukileyo: inhliziyo eyaphukile nedabukileyo, Nkulunkulu , awuyikuyidelela.' iHubo 51:16, 17.

"Nakuba uDavide wayewile, uNkulunkulu wamphakamisa…

"UDavide wazithoba, wavuma isono sakhe, ngenkathi uSawulu edelela ukukhuzwa eqinisa nenhliziyo yakhe engazisoli.

"Lesiwombe emlandweni kaDavide esinye sezibonelo esinamandla esisinikiwe somzabalazo nezilingo zabantu, nenguquko yeqiniso….Kuyo yonke iminyaka…. izinkulungwane zabantwana bakaNkulunkulu, akade bewele esonweni, … bakukhumbula ukuphenduka okuqinisekile kukaDavide nokuvuma kwakhe isono ….futhi bathola isibindi sokuguquka bavuke bazithathe, bahambe ngendlela yemiyalo kaNkulunkulu.

"Noma ubani ….ozithobayo ngokuvuma izono nokuguquka njengoba kwenza uDavide, angaqiniseka ngokuthi likhona ithemba ngaye ….UNkulunkulu ngeke alahlele ngaphandle nomphefumulo owodwa oguquka ngeqiniso."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 725, 726.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Singakulinganisa kanjani ukuzibona siyizoni ngokwemvelo, nesidingo sokuxolelwa, kanti futhi kusenjalo, siphile njengamadodana namadodakazi axolelwe eNkosi yamazulu?

❷ Kungani sonke isono, ekugcineni, kuyisono ngakuNkulunkulu? Kusho ukuthini ukona kuNkulunkulu?

❸ Singathini kumuntu ongakholwa onenkinga ngokuhlupheka kwabantu bangenacala, njengo Uriya noma indodana kaDavide noBati-Sheba eyayisanda kuzalwa? Siluchaza kanjani uthando lukaNkulunkulu nobulungiswa baKhe kulesimo? Ulwazi ngempikiswano enkulu lusiza kanjani lapha?

❹ Kungani iBhayibheli lisebenzisa izahluko ezimbili zonke ngalendaba kaDavide noBati-Sheba? Kunanhloso yini ukubhalwa kwalendaba?

❺ Gxila kulomqondo othi isono sisehlukanisa noNkulunkulu, njengoba kushiwo kweyamaHubo 51:11, 12. Wakubona kanjani kweyakho impilo lokhu? Uzizwa kanjani? Ungamchazela kanjani umuntu ukuthi kuzwakala kanjani lokwehlukana nokuthi akuthandeki kangakanani? Kungani isithembiso somusa kuyilona ikhambi kuphela na?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 34 2021/06/21 14:51